**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005**
**OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D, no-E.
- Phendula imibuzo ngezincwadi EZIMBILI vo.
- Ubunono nokubhala kahle kuyaziswa kakhulu.

---

ISIGABA A

***Imvubelo* – A. M. Maphumulo.**

**UMBUZO 1**

Funda izinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**Inkondlo A**

**NGOBA NJE USULAPHO**

Usakhumbula ubunzima?
Usakhumbul' ukuthi ubungabuthi quthu –
Ingani phela bewuvuka ngovivane,
Wadel' abangani nenjabulo,
Uphokophel' ukuzuz' iminyezane yezazi,
Manje usuthwel' umqhele wolwazi,
Usuhamba ngezinqe ngokuzithiba.

Uyabakhumbula abazali bakho?
Belala obenyoni ubuthongo,
Bewa bevuka ubusika nehlobo
Ngoba benenhloso ngawe,
Ngoba nje usulapho sekwadlula konke –
Uthini ngosapho lukaNtu?
Awufuni lufinyelele esiqongweni sentaba?

Iminyaka eminingi yobunzima.
Injabulo ishabalele kuququdwana nemfundo
Namhla sekungawe, qhuba usapho lukaNtu.

Pheqa ikhasi

Luwelele ngale komfula wolwazi
Kawakhile kwamhlaba, uzodlulela kwelawokhokho...
Nguban' ozophikelel' alandele
Ezinyathelweni zokukhuthaz' izinkedama zikaNtu
Ezisalima indima yolwazi?

1.1 Ikhuluma ngani le nkondlo? Chaza. (2)

1.2 Caphuna ukuxhumanisa esigabeni sokuqala, usho nokuthi hlobo luni lokuxhumanisa. (2)

1.3 Kusho ukuthini ukuvuka ngovivane? (2)

1.4 Tomula izibonelo ezimbili ze-enjambamenti ekule nkondlo. (2)

1.5 Ngaphandle kwemvumelwano-siqalo nemvumelwano-sigcino, bunkondlo buni esibuthola emgqeni 9-10? Chaza. (2)

1.6 Ucabanga ukuthi iyini iminyezane yezazi? Chaza. (2)

1.7 Khetha impendulo okuyiyona bese ubhala i-simboli kuphela.

1.7.1 Emgqeni 2 likhona igama elishiywe ekugcineni komusho. Ingabe yiliphi?
A. ubuntu.
B. ubuvila.
C. ubuthongo.
D. ubumnandi. (1)

1.7.2 Ngosapho lukaNtu kushiwo:
A. Izintandane zabantu
B. Abantu abamnyama.
C. Izizukulwane zabantu.
D. Izingane zabantu. (1)

1.8 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Chaza. (2)

1.9 Ungathini ngemigqa yale nkondlo? (2)

1.10 Kushoni lokhu: Kawakhile kwamhlaba, uzodlulela kwelawokhokho? (2)
**[20]**

**Inkondlo B**

**SIBONDA SIKAZULU**

Umfanekiso wakho ufanekisa isintu,
Usiba lwakho lusibikela izimfihlakalo.
Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele,
Ngishaywa uvalo ngezifiso ezingafezekanga,
Ngilahlekelwa yithemba ngentshisekelo yekusasa,
Ikusasa eliyizifiso zentokomalo kaZulu.

Lolu phahdla lungilethela usizi nomunyu
Umunyu ongilethela uhlevane novalo.
Nginamahloni okukubheka, ngokwehluleka ngiyisehluleki,
Ngiyesaba ngehlazo ohlezi kulo,
Izifiso zekusasa zihlanekezekile zehluleka,
Izilokotho ngoZulu zehlulekile zehluka.

Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona ngasiyathopha,
Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyela,
Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo,
Uma kubalwa izizwe siyabalwa.
Inhlonipho yakho yasipha ukuhlonishwa.

1.11 Yini isibonda? (2)

1.12 Ikhuluma ngani le nkondlo? Chaza. (4)

1.13 Veza ubunkondlo obutholakala kule nkondlo ngaphansi kwalezi zihlokwana:

1.13.1 Ukuxhumanisa (2)
1.13.2 Imvumelwano-sigcino. (2)
1.13.3 Ifanangwaqa. (2)

1.14 Sifenqo sini lesi?
'Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele,' (2)

1.15 Ngubani lo mntakaSenzangakhona okukhulunywa ngaye. Khetha kulezi zimpendulo ezingezansi.

1.15.1 UDingane.
1.15.2 UCetshwayo.
1.15.3 UShaka.
1.15.4 UMhlangana. (1)

1.16 Moya muni otholakala kule nkondlo? Shono amaphuzu amathathu. (3)

1.17 Bunkondlo buni obutholakala emgqeni 7-8? Chaza. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B

***Ngiwafunge AmaBomvu* –M. Molefe**.

**UMBUZO 2**

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

| | |
|---|---|
| MSANKA: | Ndabezitha! Kuyabongeka Mbomvu omkhulu! |
| MGIDI: | Ungaqali ubonge Msanka, zingathi zibuya inhlazane kube sekufike omathathangozwane bazishaqa zonke bemuka nazo, bese sikhala emkhondweni kuhle kwezimaku. |
| MSANK/MZWEZ: | Ndabezitha! |
| MGIDI: | Uzothi ngizomhalalisela umfana wakho kanti ngizophenduka esiswini njengotshwala wena owabona iLembe, ngimbonge ngensabula umfana ngoba lapha ebukhosini nxa silanda udaba sibiza iNtshonalanga ngeMpumalanga |
| MZWEZWE | Ndabezitha, uma owasemaBomvini eselikhiphile lama ngesihloko, silithatha linjalo, ngisho nalabo abaphiwa isiphiwo sokuthatha ngozwane bazogcwala amanzi emadolweni bathi bayawususa umkhuba wabo, bagwaze ibhece abafana bokwalusa. |
| MGIDI: | Usho kanjalo Mzwezwe? Amathambo akho lawa antela kanjalo? |
| MZWEZWE | Ndabezitha, ukugaya kwembokodo yamathambo ekhanda wena wangasenhla. |
| MGIDI: | Cha, masethembe ukuthi inhlama yayo izoba ngujeqe esizozitika ngawo sonke nothimbazana lwethu. |
| MSANK/MZWEZ: | Ndabezitha! |

2.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (2)

2.2 Laba ababili abakulesi siqephu bahlobana kanjani noMgidi? (2)

2.3 Ubani lo mfana inkosi efuna ukumhalalisela? (1)

2.4 Bhala amagama abazali balo mfana. (2)

2.5 Yini lena eyenziwa ngulo mfana inkosi engayazi? (2)

2.6 Ake uchaze ngemigqa engevile kwelishumi ukuthi yayithola kanjani le ndaba inkosi. (10)

2.7 Umntwana inkosi yametha ngobani? Ngoba? (2)

2.8 Khetha impendulo okuyiyona kwezisebayeni.

2.8.1 Zingathi zibuya inhlazane (izimvu, izinkomo, izintombi) (1)
2.8.2 Omathathangozwane (amasotsha, amasela, amathambo) (1)
2.8.3 Ukugaya kwembokodo yamathambo ekhanda kusho: (ukuphathwa yikhanda, ukucabanga, ukusebenza) (1)

2.9 Qondanisa. Bhala isimboli kuphela.

| | A | | B |
|---|---|---|---|
| 2.9.1 | Bazishaqa | A. | amasela |
| 2.9.2 | Omathathangozwane | B. | ithanga |
| 2.9.3 | Ilembe | C. | bazithatha |
| 2.9.4 | Antela | D. | uShaka |
| 2.9.5 | Ubhece | E. | ancokola |

(5)

2.10 Phendula ngo-**yebo** noma **cha**. Uma impendulo kungu-**cha** bese ubhala okuyikona.

2.10.1 UDadewabo kaThulisile kwakunguKhonzeni. (2)
2.10.2 UMsanka uyise wamawele. (2)
2.10.3 AbakwaMbomvu yisizwe sakwaNgubane. (1)

2.11 Esiphethweni salo mdlalo sithola isifundo esithile. Ingabe yisiphi? Bhala amaphuzu amathathu. (3)

2.12 Ingabe uZaba ufanele yini ukuhalaliselwa yinkosi? Sekela impendulo yakho. (3)

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

ISIGABA C

***Isigcawu Senkantolo* – M.M. Masondo**.

**UMBUZO 3**

Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo.

> "Uyabona Khathide, nanxa amaphoyisa enawo amaphutha njengabantu bonke abaphilayo, kodwa anobuchule emsebenzini wawo. Ngakho-ke ngizothanda ukukwexwayisa ukuthi ungaziniki ithemba elingekho," kwexwayisa uNgubane.
>
> "Kulokho-ke Mbomvu uma besebenza ngobuhlakani obungako bayothola umkani enecala, hhayi mina," kuphika uKubheka.
>
> "Asethembe kanjalo, Khathide."

> "Uma umuntu ezazi ukuthi umsulwa, uyaye anikeze ubufakazi ngokukhululeka emaphoyiseni. Umuntu ononembeza othile uyaye ahlale phezu kobufakazi anabo ukuze amaphoyisa kuwathathe isikhathi ukubuthola," kuchaza uKubheka.
>
> "Pho, ngalokho?" kubuza uNgubane.
>
> "Ngalokhu ngichaza ukuthi nathi kuzomele sihlale phezu kwabo bonke ubufakazi esinabo ukuze amaphoyisa azitholele ngokwawo ubufakazi," kuchaza uKubheka.
>
> "Ukuba bewungazise izolo ebusuku ngalolu daba, bengizolenza leli cala lifane necala lokuzivikela. Manje ngeke kusalunga," kukhala uNgubane.

3.1 Kungani uKhathide ethi bayothola umkakhe enecala? Wenzeni? Chaza. (4)

3.2 Ngubani lo Ngubane okukhulunywa naye lapha? (2)

3.3 Kungani uZethu engatshelanga umyeni wakhe ngale ndaba yamaqola? Cacisa. (3)

3.4 Obani la maqola okukhulunywa ngawo kule ndaba? (2)

3.5 Yiliphi iqola elalazi indaba kaKubheka noZikode? Shono nokuthi leli qola lamsiza kanjani uKubheka ngokudukisa umkhondo. (4)

3.6 Ubani lona obizwa ngoKhathide kule ndaba? Bhala igama nesibongo. (2)

3.7 Ubuhlakani bukaNgubane bucaca kahle lapho esebhidanisa imali edida amaqola, ewaxabanisa. Chaza kabanzi. (8)

3.8 Khetha impendulo eyiyona. Bhala isimboli kuphela.

3.8.1 Inkosikazi kaKubheka ngu:
- A. Thokozile.
- B. Duduzile.
- C. Zethu.
- D. Nobuhle. (1)

3.8.2 UDuduzile wayezoshada no:
- A. Thulani Hadebe
- B. Thulani Zikode.
- C. Themba Hadebe.
- D. Thulani Ngubane. (1)

3.8.3 AbakwaMbomvu abakwa:
- A. Kubheka.
- B. Buthelezi.
- C. Hadebe.
- D. Ngubane. (1)

3.9 Aphelelaphi la maqola ebeqola umuzi kaKubheka? Chaza kabanzi. (4)

3.10 Sifundo sini esitholakala kule ndaba? (3)

3.11 Ubani igama likaNgubane? (1)

3.12 Yiluphi lolu daba athi uNgubane ngabe waziswe lona izolo ebusuku? Chaza. (2)

3.13 Konke lokhu kwenzeka nje ngoba indodakazi kaKubheka ibizoshada nomshana kaZikode. Ubani igama lale ndodakazi kanye nelomshana kaZikode? (2)

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

ISIGABA D

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C. T. Msimang**.

**UMBUZO 4**

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**AbakwaSibiya**
Sibiya ngenkomo,'
Abafokazana bebiya ngamahlahla!
Nina bakwaNkom' isengelwa emaweni,
Ingasengelw' esibayeni akuyona eyakhona.
Gumede kaNdaba!
Mkhananda owafinyelela kubalondolozi,
Wemuka noGodokazi way' eMfolozi,.
UHhiya kwabanani,
Okwaphekwa esendlini
Kwaze kwephulwa esendlini
Engazange afe kufudumala.
Mgxebe!
Khathi!
Nina bakaSotobe kaMpangalala!

4.1 Yini isithakazelo? (2)

4.2 Izithakazelo zinobunkondlo nazo. Veza ubunkondlo kulesi siqephu esingenhla ngaphansi kwalezi zihloko:

4.2.1 Ukuxhumanisa <u>okusekugcineni</u>. (2)
4.2.2 Imvumelwano-<u>sigcino</u>. (2)
4.2.3 Ifanankamisa. (2)

4.3 Qondanisa

| A | | B | |
|---|---|---|---|
| 4.3.1 | Ukudabuka kwezinto, kuthinta inkolo. | A. | Umzekeliso |
| 4.3.2 | Uhlobo oluthinta umlando. | B. | Insumansumane |
| 4.3.3 | Abalinganiswa abayizilwane, nezinye izidalwa. | C. | Inganeko |
| 4.1.4 | Inkondlo yokutusa. | D. | Isilandelo |
| 4.1.5 | Isosha sokuzithokozisa nokuqeda isizungu. | E. | Izibongo |

(5)

4.4 Ake uthi fahlafahla ngenganekwane ethi:
UMpeza negwababa (10)

4.5 4.5.1 Yini umlolozelo? (2)
4.5.2 Bhala isibonelo somlolozelo esiphuma kule ncwadi. (2)
4.5.3 Bhala enye inkondlo ecishe ifane nomlolozelo bese uyasho ukuthi zihluka kuphi. (4)

4.6 Yisiphi isifundo esisithola enganekwaneni ethi “Inkosikazi esenyangeni?” Sekela impendulo yakho. (4)

4.7 Shono ukuthi le nkulumo elandelayo iyisaga noma isisho.

4.7.1 Ikhiwane elihle ligcwala izimpethu.
4.7.2 Ukubambisa umuntu udonga.
4.7.3 Ukubheka ngamehlo abomvu.
4.7.4 Ukunquma umuntu ulimi.
4.7.5 Umthathe uzala umlotha. (5)

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

ISIGABA E

***Umlabalaba* –O.E.H. Nxumalo.**

## UMBUZO 5

Funda lezi ziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**Isiqeshana A**

**Unembeza**

"Ngempela makoti, ngiyafunga. Ngeke ngize ngikuthole ukuphumula kwengqondo nomphefumulo uma engakatholakali lo muntu owenze lokhu. Ngeke ngize ngiphumule..." Libindeke ikhehla. Ligobodise. Kugobhoze izimpophoma zezinyembezi. Umkhono wejazi leli elilokhu lizesula ngalo usuze wamanzi te.

"Ngizwe kahle mntanami. Kangiqondile ukulokhu ngikuthunuka amanxeba. Ngiyazi ukuthi kakulungile ukuthi ngiloku ngikhuluma kanje uma izinto sezinjena. Into nje ngenziwa ubuhlungu. Kubuhlungu mntanami lokhu engikuzwayo. Kubuhlungu..." Likhale futhi ikhehla. Lisukume. Licoshe ubhoko. Lidondolozele lize liyophuma emnyango. Lime phakathi nephaseji. Ligqolozele phansi isikhathi eside. Ngesikade liphenduke, libuyele esihlalweni ebelihleli kuso.

"Senginqume ukukhipha umklomelo oyonikezwa lowo ongasiza ngomkhondo wombulali. Kufanele abanjwe, aboshwe mntanami. Cishe liyoncibikala ihlule elisenhliziyweni yami uma angase alengiswe nanxa enagenakuvuka uDaluxolo."

Kubuye kuthuleke ekamelweni. Kude kuzwakala umgqumo nje ekhehleni nakuMdunge. Kuyakhalwa. Kugobodisiwe kuMaMdunge lisalokhu lidume njalo ikhanda. Kubuye kube khona nokungayikhohlwa neze le nto. Ungathi yiphupho nje kuye. Kusengathi usazovuka uDaluxolo, amomotheke, agegetheke.

Kulowo mnyama kuzwakale ukuduma kwemoto, Baphakamise amakhanda. Lisukume ikhehla. Liphenye ikhethini. "Sekungamaphoyisa mntanami. Kwabangcono asheshe afika. Kuhle phela ukuthi ukuphenya kuqalwe kusashisa nje."

5.1 Ubani lo ubizwa ngomakoti kule ndaba? (2)

5.2 Ubani lo mbulali okukhulunywa ngaye? Chaza ukuthi umbulele kanjani uDaluxolo, embulalelani. (5)

5.3 UMaMdunge utheni emaphoyiseni ngenkathi ambuza ukuthi ubekuphi uma kubulawa uDaluxolo? (2)

5.4 Empeleni ube kuphi uMaMdunge? Chaza. (4)

5.5 Ubani igama likaMaMdunge ayembiza ngalo uDaluxolo? (2)

5.6 Wayeya emhlanganweni kuphi eseze ebulawa nje? (2)

5.7 UMaMdunge watshela iphoyisa ubengekho ngenkathi ashona umyeni wakhe. Shono ukuthi waye kuphi. (3)

**[20]**

**Isiqeshana B**

**Isikhala sokufundela ubuthishela.**

Cha, akabange esayifunda ayiqede le ncwadi uMtshali. Wagcina lapho kuthi nje: "Ngumfundi-ke lona engingeze ngamncomela mpela ukuba aqeqeshelwe ubuthisha." Washo wayifumba emehlweni kaMdenjana

Nguye lona ozohlekwa ngumhlaba wonke? Ngisho nezingane zoMalinga imbala sezithathiwe. Engani uMalinga ubenovalo? Yena ingane yakhe ibikade ifundiswa nangu s'bari, ibhasobhekile, ingaba nencwadi enjena. Lo mfana kanti umfihlele induku emqubeni? Kanti yikho nos'bari engabeki nelilodwa nje igama elithi lo mfana ubeziphethe kahle? Yeyi, madoda, mhlawumbe unina walo mfana ubesazi nje yena ukuthi ngihambela amahhala.

Athi ukucwayicwayiza uMdenjana, kushise amehlo. Ayicoshe phansi incwadi. Angazi noma ayifunde, noma ayiphathe nje.

Akhiphe iduku likakhakhi azesule uMtshali. Intombazane lena emnike incwadi iqale manje ukuzisola.

5.8 Yiyiphi le ncwadi ekukhulunywa ngayo? Chaza. (2)

5.9 Kungani uMtshali eyifumba emehlweni kaMdenjane? (2)

5.10 Chaza kabanzi indida elethwe yile ncwadi. (6)

5.11 UMtshali uhlobana kanjani nothisha owayefundisa uMdenjane? (2)

5.12 Ucabanga ukuthi ngubani uMalinga lona athi nezingane zabo sezithathiwe? (2)

5.13 Sifundo sini osithola kule ndaba? (4)

5.14 Shono ukuthi iKhanya Njalo College of Education yayidume ngani kakhulu. (2)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**